

UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG

UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

ISIZULU ULIMI LWESIBILI
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha Lesithathu)

ISIKHATHI: 2 amahora

IMIKLOMELO: 80

IMIYALO:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Kuleso naleso sigaba ukhetha **okukodwa** kuphela.
- Uma ukhethe isithombe esingenaso isihloko yinike isihloko indaba yakho.
- Landela imiyalo ekuleso naleso sigaba.

ISIGABA A

UMBUZO 1
INDABA

Khetha isihloko esisodwa ubhale kugcwalile **amakhasi amabili** noma kube amagama aphakathi kuka 250 – 300.

- 1.1 Intsha yanamuhla ithanda izimoto ezisheshayo, imali eningi, udumo nezindlela ezingamulelayo uthini ngalokho?
- 1.2 Ukukhulelwa kwentsha.
- 1.3 Ukubaluleka kokugqoka umfaniswano ezikoleni (uniform).
- 1.4 Ingabe amalungelo ezingane anemiphumela emihle na?
- 1.5 Buka umfanekiso olandelayo bese ubhala indaba ngawo. Yinike isihloko indaba yakho.



- 1.6 Ukubaluleka kwelobolo ezikhathini zanamuhla.

IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]

ISIGABA B

UMBUZO 2

Khetha **okukodwa** kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa vo noma amagama ayi 120 – 150.

- 2.1 Umkhwenyana noma usibali useqale umkhuba omusha wokwethusa igazi ngezinyembezi zikakhwini (ukudakwa) adlule lapho abeke udadewenu isandla (amshaye). Bhala INCWADI ubhalele ubaba wakho umtshale ngesenzo sikasibali.
- 2.2 Ubusengozini lapho kuginqike khona imoto ngenxa yemigwaqo emibi enemigodi. Bhala INCWADI ubhalele umasipala wangakini ukhononde ngemigwaqo emibi umbonise nangezingozi ezenzekayo.
- 2.3 Buka isithombe esilandelayo bese ubhala INGXOXO engaba khona phakathi kwalaba bantu ababili yinike isihloko ingxoxo yakho.



IMIKLOMELO YESIGABA B: [20]

ISIGABA C

UMBUZO 3

Khetha **okukodwa** kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa vo noma amagama ayi 120 – 150.

- 3.1 Ungunobhala wekomiti lezakhamuzi ezikhononda ngokucinywa kwezibani zikagesi kusihlwa zingaxwayiswanga; kanti irente ziyikhokhe kahle. Loba AMAMINITHI alo mhlango.
- 3.2 Umngani wakho usishiyile emhlabeni ubenesifo sengculazi. Wena ukhethiwe njengomngani wakhe ukuthi ube yisikhulumi emngcwabeni. Yethula INKULUMO ngomngani wakho.
- 3.3 Umngani wakho uthole umfundaze wokuya phesheya ayoqedela izifundo zakhe. Bhala noma mthumelele i-E-MAIL umbongele noma umfisele impumelelo kuyo yonke into ayenzayo.

IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]

IMIKLOMELO ISIYONKE: 80